# SITHANDA UKUBONA UJESU

Ngiyabonga. Futhi yibani nilokhu nimile umzuzwana nje manje ngomkhuleko.

2 Nkulunkulu othandekayo, sibuthene lapha, kulobubusuku, kungesikho okwenye inhloso kodwa ukufunda ngaWe nokulunga kwaKho kubantwana bomuntu. Futhi sizoKucela ukuba usivakashele kulobubusuku, ngokuthululwa okukhulu koBukhona baKho. Siphe, Nkosi, isifiso senhliziyo yethu elambile, ngokuba ngeqiniso, yilokho esikulambele, ngukwazi Yona. Futhi ukwazi Yona kungukuPhila. Futhi, o, yini enkulu kakhulu kulobubusuku, kunokuPhila na? Ngakho sizoKucela ukuba usiphe inala yokuPhila kulobubusuku.

3 Futhi, Nkosi, ekwenzeni kanjalo, uma kuba nabanye lapha ongakwazi Wena, futhi engakakwemukeli ukuPhila okuphakade, kwangathi lobu kungaba ubusuku abazosho ngabo lowo oPhakade, "Yebo," kuNkulunkulu uSomandla.

4 Sizocela Wena, futhi, Nkosi, ukuba ungakhohlwa yilabo abagulayo nabahluphekileyo nabadingayo kakhulu: izimungulu, nezimpumputhe, nezithulu, na—nabakhwelwe umdlavuza, nalo lonke uhlobo lokugula. Wena usenguye nje namuhla njengoba Ubunjalo izolo, futhi uyohlala unguye njalonjalo. Ngakho sisize kulobubusuku, ukuba sijabulele lenhlanganyelo egcwele yoBukhona beNdodana kaNkulunkulu. Ngokuba siyakucela, eGameni laYo. Amen.

5 INkosi inibusise, futhi ningahlala phansi.

[Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Yebo, kunjalo . . .?. . .)

6 Lokhu ngikuthatha njengenhlanhla enkulu kulobubusuku, ukubuyela lapha kulelidolobha elikhulu laseNew York, enkonzweni yeNkosi uNkulunkulu. Sekube yisikhathi esithize kusukela ngaba nalenhlanhla enkulu. Futhi ngokwejwayelekile lapho sifika, sisendleleni yethu eya phesheya kwezilwandle, kodwa kulobubusuku siyahamba nje kusasa siya edolobheni elingumakhelwane. Futhi siyethemba ukuthi uNkulunkulu uzohlangana nathi laphaya, futhi.

7 Esikhathini esithile esedlule, ngabuzwa ngumngane wethu othandekayo, uMfowethu Sweet, ngenkathi ngingale eBrooklyn, uma bengingavakashela idolobha, noma, izifundazwe zaseNew England, ngokuba bekusenhliziyweni yakhe ukuthi, ngikholwa ukuthi izifundazwe zaseNew England zazikade zinganakiwe kakhulu kuloluhlobo lwemihlangano, njengemihlangano yokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nokukhulekela abagulayo. Futhi kuhlale kuyinhlanhla ukukhonzisa labo abanganakiwe. Futhi siyahamba manje kuzo zonke izifundazwe zaseNew

England, lolu izinsuku ezingamashumi amathathu ezizayo, izinsuku ezingamashumi amathathu zenkonzo. Ngikholwa ukuthi kukhona izinsuku ezimbili, noma mhlawumbe ezintathu, ukuthi ngeke ngishumayele.

8 Bese-ke sibuyela eDallas, eTexas; bese kuthi-ke ngale e-International Fellowship of the Independent Ministerial Association eGreeneville, eSouth Carolina; bese-ke sibuyela phezulu ezifundazweni zaseNew England futhi senzela iFull Gospel Business Men's International Convention; bese kuthi ukusuka lapho siya eThekwini, eNingizimu Afrika; mhlampe, sibuyele eJalimane nezinye zezinye izindawo njengoba singathola ukuhleleka.

9 Ngakho, bathathe isikhathi esiningi kulobubusuku, ngenxa yokuba ubusuku bokuqala. Kuhlala njalo kunokunhlobonhlobo okuncane abangakwazi ukufinyelela kukho ngokushesha impela, ngakho ngokuvamile kuleyithi ngaleyonkathi, lapho sesiqala. Kodwa ngineqiniso ukuthi iNkosi izosibusisa uma nje singabi novalo.

10 Nje, sifuna ukucabanga ukuthi mhlawumbe kuzoba yisikhathi sethu kulobubusuku, ukwemukela lesosibusiso esikhulu ebesisibhekile isikhathi eside kakhulu. Ngineqiniso ukuthi yonke inhliziyo elambile lapha ifisa okuthile okuvela eNkosini yethu, futhi Inhle nje ukuza futhi isenzele khona kulobubusuku, futhi siyaYithanda ngalokho. Futhi silapha, qobo lwami, phansi kwamathemba amakhulu ukuba uNkulunkulu asenzele okuthize kulobubusuku. Futhi angizukukhuluma nani isikhathi eside kakhulu, ngifisa nje ukufunda elinye leZwi laKhe. Ngiyalithanda iZwi laKhe, ngiqinisekile niyalithanda, nani.

11 Manje, lendawo, ngiyathemba, isetshenziselwa izinto eziningi lapha kulelidolobha elikhulu, bekungaba, mhlasimbe, isetshenziselwe imidanso, nokunye, kodwa kulobubusuku sinikele lendawo ngenhloso eyodwa: lokho kungokwendawo yokuhlangana yabantwana bakaNkulunkulu; khona-ke iBandla likulendlu.

12 IBandla alisiso isakhiwo, empeleni, ngabantu, ababizelwe ngaphandle. Igama elithi *ibandla* lisho "ababizelwe ngaphandle." Futhi ngakho singabantu bakaNkulunkulu ngomusa kaNkulunkulu, ababizelwe ngaphandle, kulobubusuku, esibuthene ndawonye kulendawo.

13 Ngakho ngifisa ukufunda kuJohane oNgcwele isahluko 12, ivesi 20, ingxenye encane nje yomBhalo, amavesi amabili.

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyukele ukukhuleka emkhosini:*
>
> *Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

14 Futhi kumaHeberu isahluko 13, ivesi 8, kuthi:

*UJesu Kristu nguyena izolo, . . . namuhla, naphakade.*

15 Lokhu kuthi akube ukufundwa komBhalo okungejwayelekile komhlangano weVangeli, nokho, kuyingxenye yePhakade likaNkulunkulu, iZwi elingcwele, futhi nje kuvumelana nakho konke okunye kweZwi likaNkulunkulu. Akukho-mBhalo ngaphandle kwalowo ozihlanganisa ndawonye nomBhalo. UJesu wathi, "ImiBhalo ingephulwe." Ngakho-ke akwejwayelekile, ngoba NgamaZwi elalotshwa, amanye ekhulwini-minyaka lokuqala, futhi lokhu kuyikhulu lama 20, impela bekuyobonakala kungejwayelekile.

16 UJesu akajwayelekile kwasekuqaleni nje, ngoba Ungongejwayelekile ezweni, kodwa hhayi kwabaKhe uQobo. Izenzo zaKhe nezinto Azenzayo zihlala njalo ngoba UnguNkulunkulu.

17 Manje lomBhalo kulobubusuku, ufundisa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Angazi noma besingakukholwa yini lokho ngenhliziyo yethu yonke. Kufanele kube yiqiniso, uma kungesilo iqiniso, khona-ke awukho omunye umBhalo oyiqiniso, ngoba Angeke yephulwe, futhi IngamaZwi kaNkulunkulu oPhakade.

18 NalamaGreki alambile afika ukubuza umbuzo kuFiliphu, ngikholwa ukuthi izifiso zawo azingaphezu kwezifiso zethu kulobubusuku. Wonke umuntu owake wezwa ngoJesu, obengathola indawo enhliziyweni yakhe owesilisa noma inhliziyo yakhe owesifazane ukuMkhonza nokuMthanda, ufisa ukuMbona.

19 NomBhalo uthi Unguye njengoba Wayenjalo izolo. Khona-ke bekungeke kube yinto engejwayelekile uma uNkulunkulu ubeyozibonakalisa Yena uqobo kithi kulobubusuku, njengoba nje Enza eNdodaneni yaKhe, uKristu Jesu, ngokuba sikholwa ngeqiniso ukuthi Akafile, Uyaphila. Uma Efile, inkolo yethu iyize.

20 Futhi ngicabanga ukuthi inqwaba enkulu yenkathazo kulobubusuku, ngenxa yokuthi ubuMohamede, nobuBuda, neziningi zezimfundiso ezigqamile zezwe zibusa phezu kobuKristu, yingoba ubuthakathaka bamalunga omzimba. Angicabangi ukuthi lokho kuzosolwa kakhulu kubantu abangafundele lutho njengoba kunjalo phezu kwabefundisi.

21 Esikhathini esithize esedlule, kwashiwo ukuthi okaMohamede osemncane wayebuza umbuzo, noma, wabuzwa ukuthi kungani engamemukelanga uKristu njengoMsindisi wakhe, esikhundleni somprofethi wakhe ofile na? Futhi okaMohamede osemncane wathi, "Mnumzane, uKristu wakho ubengangenzelani okungaphezu kukaMohamede wami na?"

Wathi, "Awu," umKristu wathi, "uKristu wethu angakunika injabulo nokuthula, ngoba Uvukile kwabafileyo."

Futhi okaMohamede wathi, "UMohamede unginika injabulo nokuthula, futhi akavukile kwabafileyo." Futhi wathi, "Angikholwa ukuthi uKristu wakho uvukile kwabafileyo," kwasho okaMohamede kumKristu.

Futhi umKristu wathi, "Siyazi ukuthi Uvukile kwabafileyo, ngoba Uyaphila."

NokaMohamede wathi, "Ukuphi na?"

Futhi umKristu wathi, "Enhliziyweni yami," futhi lokho kuhle.

Kodwa okaMohamede uyabuya nalokhu wayesethi, "UMohamede uphila enhliziyweni yami!" Futhi wathi, "Mnumzane, ubuMohamede bungaveza eningi impela nje isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njengoba ubuKristu bungaveza." Futhi wathi, "Siyajabula nje sikholwa ukuthi uMohamede uyovuka kwabafileyo futhi anqobe izwe njengoba ukholwa ukuthi uKristu uzofika emhlabeni futhi."

22 Niyabo, kunokujula ezintweni. NokaMohamede wayeqinisile impela. Futhi umKristu wayazi ukuthi wayengahlangananga nendoda eyayivele nje kalula, ebesingakuzwakalisa ezansi eNingizimu, "indoda yobusuku obubodwa."

23 Sifundise ubuKristu emgqeni wesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, abaningi bethu, futhi sikufundisile—kufundisile emgqeni wesayense yezenkolo ethize yamabandla ethu namahlelo ethu, kodwa ake ngisho lokhu: ubuKristu buhamba amamayela ayisigidi ngaphambili kwalokho. UbuKristu buveza uJesu ophilayo nowosuku lwamanje, ngokufanayo nje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, kungenjalo imiBhalo inephutha. Sifanele sibhekane neqiniso lokuthi uKristu washo lezizinto.

24 Futhi okaMohamede wathi kumKristu, "Silindele isikhathi sokuba nina bafundisi niveze lokho athi niyokwenza."

Futhi wathi, "Usho ukuthini na? Izithembiso ezinjengoMarku 16 na?"

Wathi, "Leso ngesinye sazo."

Wathi, "Awu, sifundile," uthisha washo, wathi, "ukuthi safunda ukuthi uMarku 16 kusukela evesini 9 kuqhubeke akaphefumulelwe."

25 Futhi okaMohamede uyabuya nalokhu: wathi, "Hlobo luni lwencwadi olufundayo na? Uma ingxenye yayo iphefumulelwe, futhi konke okunye kwayo kungaphefumulelwe, wazi kanjani ukuthi iyiphi ingxenye ephefumulelwe ngempela na?" Wathi, "*Yonke* iKoran iphefumulelwe." Lelo yibhayibheli

likaMohamede. Futhi wathi, "UMohamede wethembisa kuphela ukuphila emva kokufa, kodwa uKristu wenu wethembisa ukuthi izinto Azenzayo, nani niyozenza, futhi silindele ukubona lokho kuvezwa, khona-ke sizokholwa." UmKristu wehlulwa, impela.

26 Esisilele kukho namhlanje, uma. . .Ngenkathi uKristu enikeza lomyalo ukuba niye ezweni lonke, hhayi ukwenza amabandla, noma ukwakha izakhiwo, noma ukwenza izikole, okulungile, kodwa Wathi, "Nishumayele iVangeli." Futhi iVangeli alisikho ukwakha izakhiwo, noma ukuthumela abantu esikoleni, kodwa ngamandla nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele. Manje-ke, Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

27 Futhi ebuthakathakeni besayense yethu yezenkolo, sikwedlulile lokho futhi sakuyekela kolunye usuku, kodwa iBhayibheli lisalokhu lisenjalo ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Manje-ke, uma Enguye, Uzofanele afane emgomweni namandla, Uzofanele afane njengoba Wayenjalo, umehluko owodwa kuphela: umzimba wenyama.

28 Kodwa ngaphambi kokuba Ashiye umhlaba, Wathi, "Mina ngingumVini, nina ningamagatsha." Manje, umvini awutheli isithelo, igatsha lithela isithelo, hhayi umvini. Ngakho Washiya eBandleni laKhe, lomyalo omkhulu ukuba uthele isithelo esifanayo Asithela ngenkathi Elapha emhlabeni.

29 Uma ubungaya emvinini wamagilebhisi, ubuyolindela ukuthola amagilebhisi; uma uye emvinini wekhabe, ubuyokwemukela amakhabe uma kungumvini omuhle ovundile; uma uye emvinini wethanga, ubuyokwemukela amathanga, kodwa lapho sifika emvinini wefa likaNkulunkulu, sitholani ngaphandle kokuqophisana, nezinkathazo, nezithiyo nazo zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamileyo ezincane futhi hhayi uMoya kaNkulunkulu uhamba ebandleni njengoba Ufanele, futhi nokho, ngumvini kaNkulunkulu.

30 "Okushiywe yisibotho, kudliwe yinkasa." Kodwa uNkulunkulu wathi, "Ngiyakubuyisela, isho iNkosi." Leso yisithembiso esikhazimulayo esisilindele.

31 Manje, si. . .LomGreki wathi, "Sithanda ukubona uJesu. Hhayi kakhulu njengoba besingathanda ukuMuzwa, kodwa besingathanda nje ukuMbona." Angazi nje noma lowo bekungeke yini kube umuzwa kulobubusuku, wawo wonke umuntu lapha: ukubona uJesu na? Manje-ke besingaMbona kanjani na? EBandleni laKhe kubantu baKhe, siyizincwadi ezilotshiwe. UMoya kaKristu uhlala kubantu baKhe futhi uveza ukuPhila kwaKhe, nenkonzo yaKhe iqhubeka nokuqhubeka aze Abuye futhi. Futhi Ulapha, ngubumpumputhe bamehlo ethu, isizathu singaMboni. Ukuba nje besingavula amehlo ethu ezintweni eziyizo ngempela!

32 Ngihlala emfuleni, ukuthi sikhathi sini ngisekhaya e-Indiana, ngihlala ngaseMfuleni i-Ohio. Esikhathini esithile esedlule, umfanyana wayeye kuSonto sikole edolobheni lakithi, wenyukela emfuleni nomdobi omdala, futhi wayengumfanyana odangele, ngoba wayebuze umama wakhe ngelinye ilanga, wathi, "Mama, uNkulunkulu mkhulu kakhulu, ukhona yini ongaMbona na?"

Futhi wathi, "Manje, angazi. Buza umelusi, uza ekhaya nathi ezodla idina, ngeSonto."

33 Futhi wathi kumelusi, "Ukhona obengabona uNkulunkulu, mnumzane na?"

"Ngani," wathi, "impela ngeke, ndodana, akekho ongabona uNkulunkulu."

34 Futhi wabuza uthisha wakhe kaSonto sikole wayesethi, "Ngani, impela qha, akekho ongabona uNkulunkulu."

35 Kodwa umfo omncane enomdlandla wakhe, wacabanga, "Awu, uma Emkhulu kangaka, kungani Engabonwa na?"

36 Futhi phezu komfula ngoluny'usuku, nomdobi omdala, kwakukade kuqubuke isiphepho, futhi endleleni ebuyayo umdobi omdala wayedonsa isikebhe sakhe, nomfanyana wayehlezi kwingemuva lesikebhe. Futhi uthingo lwenkosazana lwaphuma emva kwesiphepho, nomdobi omdala, nentshebe yakhe empunga, uqala ukukhala izinyembezi lapho ebuka uthingo lwenkosazana, nezinyembezi ezinkulu ezikhanyayo ziqala ukwehla entshebeni yakhe emhlophe. Kwamkhuthaza umfana omncane waze wagijima wenyukela phakathi nesikebhe futhi wawa phansi emathangeni omdobi omdala, futhi wathi, "Mnumzane, ngifuna ukukubuza umbuzo umama wami, noma uthisha kaSonto sikole, noma umelusi akakwazanga ukungiphendula: Ukhona ongabona uNkulunkulu na?"

37 Futhi kwakukukhulu kakhulu endodeni endala, yadonsela izigwedlo zayo ethangeni layo, yase igaxa umfana omncane ngezingalo zayo, futhi yathi, "UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho encane! Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amane edlule bekunguNkulunkulu." Lapho uNkulunkulu engena ngaphakathi, ungaMbona; kodwa awukwazi ukuMbona, aze Angene ngaphakathi ukuba abuke ngamehlo akho.

38 Emavikini ambalwa edlule edolobheni lakithi elikhulu laseLouisville, eKentucky, kwakungukubonakala okumangalisayo kowesifazane, wayenowakhe, umfanyana ezingalweni zakhe cishe eneminyaka eyisithupha noma eyisikhombisa ubudala, futhi wayekwesinye esikhulu isitolo sezinto zikasheleni. Futhi bamqaphela ehamba esuka ekhawunteni eya ekhawunteni, ecosha imishinyana emincane—emincane futhi eyibambe phambi komfanyana. Futhi wayeya kwenye ikhawunta bese ecosha umshinyana omncane ohlukile futhi awuphakamisele kumfana omncane, futhi kwehle njalo

ngamakhawunta ehlukene. Nabantu baqala ukumbhekisisa. Futhi emva kwesikhashana wafika kolunye uhlobo oluncane, into eyenza umsindo futhi yakhehlezela, futhi wayelucoshile phambi komfana omncane futhi wayelukhehlezisa. Futhi walubeka phansi, futhi wawela phezu kwe—kwekhawunta, ekhala izinyembezi.

Futhi abanye ababeseduze, beza uku—ukuzomduduza, futhi bathi, "Nenekazi, ukhalelani kangaka na?"

Futhi wathi, "O, akungcono!"

Bathi, "Yini engengcono na?"

Wathi, "Umfana omncane." wathi, "Udokotela uthe ubengcono, kodwa akangcono, noma ubengaqaphela ezinye zalezizinto abantwana abebefanele baziqaphele." Umqondo wakhe wawungasekho.

39 Futhi ngiyamangala nje, ngalolusuku esiphila kulo manje, uma uNkulunkulu engamthathi umntwana waKhe esuka endaweni eya endaweni, futhi ebonakalisa iziphiwo ezehlukene, kanjalonjalo, phambi kwabo, futhi basalokhu behlezi bendikindiki, befile kakhulu nje esonweni naseziphambukweni, baze bangabe besayibona inkazimulo nesiphiwo seNkosi Ezama ukusethula phambi kwabo.

40 Kwangathi lokho kungaba kude nalelibandla elikhulu kulobubusuku elibuthene lapha. Njengoba uNkulunkulu Ezembula, kwangathi singaba nentobeko futhi sibe qotho ukubona ukuthi NguKristu ezama ukuZazisa eBandleni laKhe, ngokusindiswa kwemiphefumulo, nokuphulukiswa komzimba, nangaso sonke isibusiso sokuhlenga Asifela; konke kungokweBandla laKhe nakulo lonke ikholwa.

41 Bekungeke kube kuhle nje ukuqala umhlangano phezu kobufakazi obungenalutho, kunenzuzo ukuthi sifanele sihlole emiBhalweni imizuzwana embalwa, ukuthola ingqikithi yomBhalo kulokho esikhuluma ngakho.

42 Manje, sithanda ukubona ukuthi uJesu wayeyini, nokuthi Yena. . . ukuthi Wazazisa kanjani Yena uqobo kubantu ngezinsuku zokuhamba kwaKhe esemhlabeni. Manje-ke uma Ezethule Yena uqobo ngendlela enjalo nangendlela yokwenza enjalo ngezinsuku zokuhamba kwaKhe esemhlabeni, bekungeke yini kube okunengqondo ukucabanga lokho, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade ukuthi Uyozethula Yena uqobo kubantu baKhe ngendlela efanayo namhlanje na? Impela bekuyokwenza. Manje-ke ake sibheke umzuzu futhi sibone ukuthi Wayeyini.

43 ENcwadini kaJohane oNgcwele, isahluko 5 nevesi 19, siyakuthola kufundeka kanje: Ngenkathi Ebuzwe ngento Ayeyenzile, nokuthi kungani Ashiya isixuku sabantu futhi wayephulukise indoda eyodwa, Waphendula kanje: "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo,

kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo." Uma leyo kwakuyimpendulo yaKhe izolo, leyo bekuyoba yimpendulo yaKhe namhlanje, ngokuba Ubengeke ayiguqule; ukuba ahlale efana, Ufanele afane.

44 "Angenzi lutho ngokwaMi, kodwa lokho eNgibona uBaba ekwenza." NoNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana nezwe kuYe uqobo. UNkulunkulu Wayezibiyele emzimbeni owodwa, leyo kwakuyiNdodana yaKhe, ngokufa kweNdodana yaKhe, kwaletha uNkulunkulu eBandleni lonke, emhlabeni wonke. Ngamandla angcwelisayo kaMoya oNgcwele, ngeGazi likaKristu, lihlanza umuntu ofayo futhi libenze, hhayi ngokwabo, kodwa ngomusa kaNkulunkulu ngomusa waKhe, kwenza lezo zikhonzi zikaMoya oNgcwele, ukuthi Uyakhuluma futhi uyahamba futhi ashumayele futhi asebenze ngeBandla laKhe, uMvini waKhe, noma, amagatsha aKhe axhumile kuYe.

45 Wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, NguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi. Angenzi lutho ngokwaMi, kodwa lokho ANgitshela ukuba ngikwenze, noma aNgibonisa ukuba ngikwenze."

46 "ANgikhombisa ukuba ngikwenze," ngakho uJesu ufanele abe, ayikho enye indlela yokwenza lowomBhalo ube kahle, khona-ke uJesu wadingeka abone imibono yalokho intando kaBaba eyayizokwenza, khona-ke Wahamba futhi wakwenza. Uma uzofunda ingqikithi eyandulelayo yalokho, uzothola ukuthi kuyiqiniso, ngokuba Wayengeke adlule izixuku ezinkulu zezinyonga, izimpumputhe, izishosha, nabashwabeneyo, futhi waya kumuntu oyedwa elele ohlakeni futhi wamphulukisa, ngokuba Wayazi ukuthi wayekade ekulesosimo iminyaka eminingi. Manje, siyathola-ke, ukuthi Wayezohamba nje njengoba uBaba ayehola futhi waMqondisa.

47 O, bekungeke yini kube yinto ekhazimulayo kulobubusuku, ukuba iBandla laKhe lonke belingaba nalobobufakazi: "Ngenza njalo lokho okuthokozisayo kuBaba"! Lokho bekungeke yini kuxhuxhumise inhliziyo yeBandla laKhe ukuba nalobobufakazi! Bekuyobakhona ukuguqulwa okufana nesikhathi sika-Enoke; futhi kuzofanele kube yilokho eduze kokuFika kwaKhe.

48 Manje, asiphenye esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele, futhi nje sikubone kungakenzeki Ayeyikho izolo, khona-ke sizoba nomqondo othize ovamile walokho Azoba yikho namhlanje. Esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele, emva kokuba uBaba esefike phezu kwaKhe ngesimo sejuba, futhi Yena eyiWundlu, ngokuba izimvelo ezimbili zifana ncamashi; uBaba wazimela Yena uqobo njengenyoni, Wayemele iNdodana yaKhe njengewundlu.

49 Ijuba liyinto emnene kunazo zonke yasezulwini, newundlu liyisilwane esimnene kunazo zonke emhlabeni. Bezifanele

zifane, ukuba ijuba lalindizele phezu kwempisi, impisi ibiyothimula, nejuba beliyondiza. Futhi yileyondlela namhlanje, ukuthi sizithola thina uqobo nalo lonke ulaka lwethu nokuqophisana kwethu, uMoya oNgcwele umnene, Uzohlala kuphela endaweni emnene.

50 IWundlu liholwa yiJuba. Futhi inkonzo yaKhe yaqala. Bese kuthi-ke, enye yezinto zokuqala esiyitholayo, ukuthi kwakukhona oyedwa ogama lingu-Andreya owaphendukela enkolweni yobuKristu, futhi ngokushesha uyahamba futhi ulanda umfowabo, negama lomfowabo kwakunguSimoni. Futhi kwathi nje uSimoni angangena eBukhoneni beNkosi uJesu, sizwa umBhalo uJohane oNgcwele 1 usho ukuthi uJesu wathi, "Igama lakho unguSimoni, kodwa Ngizoliguqula futhi ngikubize ngoPetru." Futhi Wathi, "Igama likayihlo nguJonase."

51 Ucabanga ukuthi kwenzekani enhliziyweni yalowomdobi ongafundile na? IBhayibheli lathi wayengazi lutho futhi engafundile. UJesu akashongo ukuthi, "Udinga ulwazi lwasekholiji," noma "Udinga ukwazi yonke imikhuleko yezenkolo." Wavele nje wenza isimangaliso esavuthisa leyonhliziyo yomphostoli: "Igama lakho unguSimoni, kepha uzakubizwa ngoPetru, itshe elincane; futhi uyindodana kaJonase." Futhi kwamxhuxhumisa.

52 Kwase kuthi-ke kwakukhona omunye owafika, ogama linguFiliphu, esisanda kufunda ngaye, futhi wathi nje angathola loMthombo omkhulu, wayengenakuwugcina kuye uqobo. Futhi uma iBandla ngempela lithole uMthombo, kukhona okuthize ngoJesu, lapho uMthola, ufanele utshele abanye, zisabalala kanjalo-ke izindaba ezinhle.

53 Futhi wayenomngane owayehlala amamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba, futhi wasuka ngesivinini ukuyothola lo mngane. Futhi ngenkathi efika kuye, mhlampe wayengaphansi komuthi, ekhuleka, iBhayibheli lathi wayengaphansi komuthi. Futhi uFiliphu walinda kusobala, engumnumzane ohloniphekile ongumKristu, waze waqeda ukukhuleka. Khona-ke sengiyambona uNathanayeli esukuma, futhi uthintitha uthuli ezingutsheni zakhe, futhi—futhi ubingelela umngane wakhe. Futhi ngaphambi kokuba athi, "Sawubona ekuseni, noma sawubona ntambama, Nathanayeli," wathi, "O, woza ubone ukuthi Ubani esimfumene!" O, kukhona okuthize ngaYe! Ngokuba lapho uMthola, umphefumulo wakho uyaxhuxhuma futhi u. . .leyo yinto yokuqala engqondweni yakho. "O, woza ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

54 Futhi kusobala lelikholwa lomthetho lathi, "Manje," sengiyamuzwa nje ethi, "manje, umzuzu nje, lapha, Filiphu, ufanele ukuthi uchezukele ekugcineni okujulile. Uze lapha ungitshela ngesikhathi esinjengalesi ukuthi uMesiya usefikile

na? Futhi uqonde ukungitshela ukuthi Uyophuma eNazaretha, lowo omubi, umuzi omncane na? Uma Efika, Ubezofanele avele eJerusalema, noma enye indlu yesento enesihlalo sombhishobhi, nabo bonke abaholi bezenkolo abakhulu bayokwazi ngakho."

55 Kodwa uNkulunkulu wenza izinto ngokuyinqaba kakhulu, Ukwenza nje ngendlela yaKhe uQobo ebusisiweyo; ngi—ngijabula kakhulu ngalokho. "Impela Ubeyoba seVatican, noma Ubeyoba se—seWestminster Abbey, noma ndawondawo, uma Efika." Kodwa uNkulunkulu ufika noma yikuphi lapho okuMthokozisa khona ukuba eze, Wenza izinto ngendlela yaKhe uQobo ebusisiweyo.

56 Futhi wathi, "Manje, umzuzu nje, Filiphu. Bengikwazi uyindoda eqotho ekusebenzisaneni kwethu, futhi manje uqonde ukungitshela ukuthi uze lapha nohlobo oluthile lwesisho esishisekelayo ukusho kimi, ukuthi umtholile uMesiya, futhi Uvela kuloluhlobo lwabantu na?"

57 Futhi ngicabanga ukuthi uFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu abengayinikeza, wathi, "Woza ubone." Manje, ungahlali ekhaya futhi ugxeke, futhi ungakuthathi ukuzwakalisa kompristi noma imicabango yakhe, noma uthathe okushiwo ngumelusi, kodwa woza uzibonele.

58 O, wayenamamayela ayishumi nanhlanu ukuba axoxisane naye, ngakho lapho behamba, sengathi ngiyabona ngizwa uFiliphu emcaphunela izinto iNkosi yethu eyayizenzile mayelana . . . wathi, "Uyamkhumbula lowomdobi omdala ezansi lapho, ngalolosuku ngenkathi uthenga lezozinhlanzi, futhi—futhi akakwazanga ukusayina irisidi yenhlanzi na?"

"Yebo."

"Ngenkathi ekhuphukela phambi kwalomNazaretha, Wamtshela ukuthi wayengubani, futhi wamtshela ukuthi uyise wayengubani." O, sengiyamuzwa ethi, "Bekungeke kungimangaze uma Ubengazi ukuthi ubungubani."

"Manje, umzuzu nje," kusho uNathanayeli, "Ngizozenzela ezami iziphetho ngenkathi sengifika lapho."

59 Futhi lapho behamba ngomgwaqo, beza emhlanganweni ngalokho kuhlwa lapho uJesu ayekhona. Futhi ngenkathi benyukela eBukhoneni baKhe, iso leNkosi labheka ngaphandle lase limbamba, futhi Wathi kuye, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

60 Manje, kungahle nje kubonakale kuyinto encane kithi ukucabanga ngalokho, kodwa benazi yini ngalolosuku, bonke abantu babegqoka ngokufanayo futhi babebukeka ngokufanayo na? Wayengaba umArabu, noma wayengaba ngumGreki, noma wabaningi babantu bangalolosuku lwabaseMpumalanga, babengabantu abansundu, futhi bonke babebukeka befana

futhi begqoke into efanayo, kodwa uJesu wayazi ukuthi wayengumIsrayeli nendoda eqotho.

61 Futhi kwammangaza ngangokuthi, uNathanayeli, waze wathi, "Rabi, Ungazelaphi na?" Futhi ulindile manje impendulo kaJesu izolo.

Futhi Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, Ngakubona ngaphansi kwesihlahla."

Lokho kwakwenele. Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

Futhi Wathi, "Ngoba Ngisho lokhu kuwe, ukukholiwe na?"

62 Manje, uma leso kwakuyisibonakaliso kumaJuda ngalolosuku ukusho ukuthi WayenguMesiya, yileyondlela Enza ngayo abantu bazi ukuthi WayenguMesiya, futhi Akakaguquki nakancane, kuzofanele kufane namhlanje uma Esenguye.

63 Ubeyoba ngongalungile ukuzibonakalisa Yena uqobo kithi ngendlela yesayense yezenkolo, nendlela nje yokugcina isimemezelo esithize sa—samasiko abadala, bese-ke Ezazisa ngaleyondlela, bese-ke ezisho ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Uzofanele agcine leyonto efanayo.

64 Kwakukhona labo ababemi eduze ababengakukholwa lokho, nenkolo, bekholwa impela, abekhethelo, njengoba kunjalo ukusho, njengoba sikusho eningizimu, kwakukhona abapristi, nabapristi abakhulu, na—nabavangeli, ibandla loMthetho, futhi bathi, "Lomuntu unomoya omubi. Lomuntu ufanele abe ngumbhuli. Ufanele abe nguBelzabule, inkosi nenkosana yabo bonke ababhuli."

65 Futhi kwakuyini amaZwi avela eNkosini yethu na? Wathi, "Ngiyanithethelela uma nikhuluma lelozwi elimelene naMi, iNdodana yomuntu," kodwa kakhulu njengalokhu: "kuzofika usuku lapho uMoya oNgcwele uzofika futhi uzokwenza into efanayo, nezwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Manje-ke sifanele sisondele kanjani eVangelini na?

66 Qaphelani, kwakukhona usuku olulodwa, futhi manje sengivala, Wahamba, evela eGalile, Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya. Futhi Esakhandlekile futhi ekhathele, Wahlala phansi emthonjeni ngenkathi abafundi baKhe beyongena emzini ukuyothenga umphako.

67 Sithola ukuthi abaseMpumalanga, ba . . . umthombo wawungaphandle nje komuzi, ngokwejwayelekile. Futhi Esahlezi lapho, ekhandlekile ohambweni lwaKhe, nakho kufika owesifazane osemusha ephuma emzini, ake sicabange ukuthi wayengo—ngowesifazane okhangayo, futhi wehlisa imbiza yakhe ekhanda lakhe.

68 Futhi zinezibambo ezimbili ezinkulu, futhi kumangalisa kakhulu ukubuka ukuthi abesifazane laphaya bangawathwala

kanjani amanzi, bangabeka imbiza phezu kwekhanda labo neyodwa enqulwini ngayinye, futhi baqhube ingxoxo futhi bangawachithi neze amanzi.

69 Kodwa wehlisa lembiza ukuba akhe amanzi, futhi waqaphela ohlezi emuva ekhoneni, iNdoda ephakathi nendima yempilo eyayiyiJuda. Futhi kwakukhona umthetho omkhulu wokwehlukana ezweni. Futhi wezwa lomJuda ethi kuye, "Sifazane, Ngiphuzise."

70 Manje sizobona ukuthi U. . .ukuthi Uzibonakalisa kanjani Yena uqobo phambi kwamaSamariya. Niyazi buthathu kuphela ubuzwe babantu emhlabeni, bavela emadodaneni amathathu kaNowa, uHamu, uShemu, noJafete: umJuda, umSamariya, oweZizwe.

71 Manje ake sibone ukuthi Wazibonakalisa kanjani Yena uqobo kumaSamariya, siyabona ukuthi Wakwenza kanjani kumJuda, ake sibhekisise umSamariya: "Sifazane Ngiphuzise."

Wayesethi, "Akusilo isiko ukuba umJuda acele into enjalo umSamariya, asidlelani omunye nomunye, futhi lokhu akujwayelekile kakhulu, asinakho nje lokhu, futhi asidlelani omunye nomunye."

72 Wathi, "Sifazane, ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi." Futhi Wayexhumana nomoya wakhe. Futhi esikhashaneni, emva kokuba ingxoxo isihambe isikhathi eside, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Usho kahle. Ubunamadoda ayisihlanu, nale onayo manje ayisiyo indoda yakho. Ngakho usho kahle."

73 Manje ake sibone ukuthi wathini. Ukuba-ke wayehlale eNew York, ePhiladelphia, noma wabekade engamalunga amanye amabandla ethu amakhulu na? "Umelusi wami wathi lena yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, noma ukufunda umcabango." Wathini na? Niyasazi isizathu sokuba abantu basho lokho na? Abaqeqeshiwe eZwini.

74 Kodwa lona wesifazane, nakuba sifuna ukumkholwa ukuthi uyisifebe, ubeyobeka abanye abashumayeli namhlanje, bahlazeke eZwini. Kunjalo. Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto, Uzositshela zonke izinto nxa Efika, Ufanele ukuba ngumprofethi waKhe." Futhi wathi, "Nxa uMesiya, othiwa uKristu, nxa Efika, Uyositshela lezizinto."

Futhi Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

75 Futhi washiya imbiza yakhe yamanzi, futhi wangena emzini egcwele inhliziyo yesambulo, wathi emadodeni emzini, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto ezisempilweni yami. Akuyena yini uMesiya Lona na?"

76 Ngenkathi iSipho sikaNkulunkulu sasikhazimula phambi kwamehlo alesosifebe, saSiqonda. Kodwa sifile kakhulu futhi siba ndikindiki ngamasayense ethu ezenkolo, size siphuphuthekiswe eqinisweni izikhathi eziningi, futhi asikwazi ukubona iSipho sikaNkulunkulu: iNkosi uJesu. "O, wozani nibone uMuntu ongitshele engiyikho! Akuyena yini uMesiya Lona na?" Impela Nguye.

77 Manje, uma niqaphela, uJesu akayanga kwabeZizwe, futhi Wenqabela abafundi baKhe ukuya kwabeZizwe, ngakhoke Wabonakaliswa kuphela kwabeZizwe ngokufundisa kukaPawulu oNgcwele. Manje, uma Azibonakalisa Yena uqobo izolo kumJuda ngalesosibonakaliso, Wabonakalisa kumSamariya ngaleso sibonakaliso, futhi akukaze kube sonyakeni wabeZizwe, nalonyaka wabeZizwe uyavala, khonake ukuba abe nguye izolo, namuhla, naphakade, Uzofanele enze okufanayo. Futhi ekwenzeni kanjalo, ngiphosela inselelo leliqembu elincane kulobubusuku, uma Ubeyokwenza into enjalo . . .

78 Manje, akusibo ubungcwele bomuntu, akukhomuntu ongcwele. Njengoba uPetru wabhekisela eNtabeni yokuGuqulwa isimo kanye, wathi, "intaba engcwele," wayengaqondile intaba engcwele, wayeqonde uNkulunkulu oNgcwele ahlangana naye entabeni. Akusilo iBandla elingcwele, nguMoya oNgcwele eBandleni oLenza libe yilokho eLiyikho. Akusuye umuntu ongcwele, NguMoya oNgcwele ophumelele ngezikhonzi zombuso waKhe wasemhlabeni.

79 Futhi uma Ezozikhazimulisa Yena uqobo phambi kwezwe eliphuphuthekile kulobubusuku, bebeyoba nomqondo ofanayo, futhi bayakwenza, njengabaFarisi abaphuphuthekile bezinsuku zobuyena baKhe. Makuthi thina, kulobubusuku, sicele uNkulunkulu ukuba avule amehlo ethu, futhi asinike ukubona, futhi makuthi uMoya waKhe ungene ezinhliziyweni zethu ukuthi Angabuka ngamehlo ethu, futhi ezwe ngezindlebe zethu, futhi Azembule kithi njengeNdodana evukileyo kaNkulunkulu ophilayo, uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Kwangathi izindumiso zaKhe njalo zikhale ezinhliziyweni zaseNew York, kuze kuthi umuntu wokugcina ubekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu uNkulunkulu ammisele ukuPhila okuPhakade.

Asikhuleke.

80 O Nkulunkulu oBusisiweyo, ubusuku obubodwa nje edolobheni nendawo ephathelene nedolobha elikhulu ngalapha cishe ezigidini eziyishumi nanhlanu noma eziyishumi nesithupha, yini eyodwa encane, indoda encane ebingayenza na? O Nkosi Nkulunkulu, ngizokhuleka kuWe ukuba uvule amehlo alezizethameli zonke kulobubusuku, ukuze zihambe zisuke kulesisikhungo esikhulu saseManhattan lapha nesambulo

njengowesifazane emthonjeni, “Wozani, nibone uMuntu, uMuntu, uKristu, Ongafile kodwa ophila kuze kube phakade.” UNkulunkulu waMvusa kwabafileyo, wabeka umzimba waKhe wenyama esihlalweni saKhe uQobo sobukhosi, futhi wathumela emuva uMoya oNgcwele ukuba uhlale eBandleni laKhe, futhi Angenza abafundi ezweni lonke, aze Abuye futhi. Siphe khona, Nkosi.

81 Soka izindebe, namehlo, nezindlebe zezinceku zaKho ukuze siKuzwe ukhuluma futhi siKubone emandleni aKho avukileyo.

82 Futhi ukusuka ngaleya kwalelidolobha elikhulu, lapho abantu, inkonzo iyophela emizuzwaneni embalwa, futhi bayoya emakhaya abo ehlukene, kwangathi bangakhuluma njengalabo ababevela e-Emawuse. Emva kokuba babehambe naYe usuku lonke, futhi babeMzwile eshumayela futhi ebatshela ngemiBhalo, nokho amehlo abo awavulekanga. Abaningi lapha, Nkosi, Ubondlile, Ubagqokisile, Ubemuhle kubo, Usindise izimpilo zabo, futhi mhlawumbe abakaze baqonde ngempela ukuthi kuvelaphi, kodwa ngenkathi sisesendlini yezihambi kulobubusuku, nomnyango uvaliwe. . . Ngenkathi Wenza leyonto encane lokho, njengoba nje Wenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, uKleyophase nomngani wakhe waqinisekiswa ukuthi kwakunguWe, ngokuba akekho omunye umuntu owakwenza ngaleyondlela nje, noma akekho omunye umuntu owayengakwenza ngaleyondlela nje, futhi bazi ukuthi kwakuyiNkosi, ngakho amehlo abo avuleka. Futhi Wanyamalala ngakolunye uhlangothi, emva kwekhethini futhi wayengasabonwa. Futhi bahamba endleleni yabo bethokoza, bethi, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?”

83 Nkosi, njengoba ngiya ekamelweni lami nalaba abanye baya kwawabo, kwangathi lobo kungaba ngubufakazi bethu kulobubusuku: “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi eManhattan Center, kulobubusuku na?” Siphe khona, Nkosi.

84 Ngolunye usuku lapho ukuphila kuyophela, futhi—futhi isikhathi asisayikubakhona futhi siyozihlanganisa singene ePhakadeni, Nkulunkulu, sizoguqa, sigobe phambi koBukhona baKho, futhi sikhonze Wena, futhi sihlale ezinyaweni zaKho. O, siphe khona, Nkosi. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

85 Manje, ngiyazi sinigcine isikhathi eside, asiqondile ukukwenza, ngubusuku obubodwa nje. Sizobuya, ngicabanga ukuthi zingamashumi amathathu. Futhi kuyoba nzima. Futhi lemihlangano, yabantu baseNew England, kubi kakhulu ukuthi ifanele ibekwe kanje, kodwa siphuthunyiwe, uMlayezo uyaphuthuma; uMlayezo kaNkulunkulu uhlala uphuthuma.

86 Niyazi iziNgelosi eziza ku-Abrahama ethendeni lakhe, ngaphambi nje kokuba iSodoma libhujiswe, niyakhumbula ukuthi iNgelosi Yayifulathele ithende lapho uSara ayekhona ngenkathi ehleka na? Bangaki abake bakufunda lokho na? Ake sibone izandla zenu. NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Kwakuyini lokho na? Kodwa leyo kwakuyiNgelosi eyaletha uMlayezo wokugcina ngaphambi kokubhujiswa kweSodoma. Futhi Yahamba. . .Futhi khumbulani, leyo kwakungesiyo iNgelosi, lowo kwakunguNkulunkulu, ngokuba u-Abrahama waMbiza ngoNkulunkulu ku-Elohim, onguMninimandla onke, uJehova.

87 Manje kulobubusuku, uma kumthokozisa kakhulu uNkulunkulu wethu, kunabantu phakathi lapha. . .Bangaki abantu abagulayo osesakhiweni na? Ake sibone izandla zenu, yonke indawo, ovulandi abasesitezi nabo bonke. Mhlawumbe kukhona inkulungwane noma ngaphezulu, mhlawumbe ngaphezu kwalokho ogulayo nodinga umkhuleko. Manje, mngane wami othandekayo, ngi—ngifisa sengathi bengingakhulekela ngamunye wenu, ngibeka izandla phezu kwenu.

88 Manje, ngiyazi ukuthi leyo yimfundiso enkulu, kodwa ngibekezeleleni umzuzwana nje walesisicaphuno: Leso yisibonakaliso samaJuda, uJayiru wathi, "Woza, ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami futhi izophila."

Kodwa oweZizwe wathi, "Angifanele ukuba Ungene phansi kophahla lwami; khuluma iZwi nje."

89 Akusizo izandla zami ebeziyokusiza, noma izandla zanoma yimuphi wabelusi benu abathandekayo nabafundisi olapha, izinceku zikaNkulunkulu, akusizo izandla zazo noma izandla zami, yisandla saKhe. IBhayibheli lasho ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Niyakukholwa lokho na? Awu, baMthinta kanjani ngosuku lwaKhe na?

90 Kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi owayenobuthakathaka, u—umopho iminyaka emininganа, futhi wathi nyelele wadabula esixukwini, wayesethinta ingubo yaKhe wayesesuka ehamba, wayesehlala phansi, noma wasukuma, kumbe noma yini ayenza. Futhi uJesu waphenduka wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

"Ngani," uPetru wathi, "isixuku sonke siyaKuthinta."

Wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi."

91 Futhi Waqalaza waze Wathola lapho lowomfudlana wokukholwa wawugeleza uvela khona. O, babeMthinta, "Yebo, ngiyilunga lebandla laKho. Ngiyi*lokhu*, *lokho*," kodwa lokho akusikho ukuthinta okubalulekile. Wathola lowo omncane, owesifazane obukeka ebuthakathaka, futhi Wamtshela ukuthi

wayephulukisiwe, ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Uma lowo bekunguJesu izolo, nguJesu namhlanje.

92 Manje, iNcwadi yamaHeberu ithi Unguye manje, khona manje, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Manje, ubungaMthinta kanjani uma Efana na? Bekuyoba yindlela efanayo aMthinta ngayo. Manje, Akekho lapha emzimbeni wenyama, ngakho ubuyofanele uMthinte ngokomoya. Khona-ke ubuyokwazi kanjani ukuthi uMthintile na? Ubeyokuphendula njengoba Enza ngaleyonkathi. Ngabe lokho bekuyoMenza abe nguye izolo, namuhla, naphakade na?

93 Ngeke kulelihora sibize abaningi kakhulu phezulu lapha emsamo ukubakhulekela, sizobiza nje abambalwa. Futhi makuthi wonke umuntu ophakathi lapha, uma nje nizonaka kangaka iVangeli, mhlawumbe bekungahluka kancane kunalokho ofundiswa khona ebandleni lakho . . .

94 Angimelene ngalutho nendlela okufundisa ngayo ebandleni lakho, qonda, lutho nhlobo. Kodwa kufana nje nomuntu owayedla ikhabe ezansi eningizimu, wathi, "Lokho bekumnandi, kodwa kunokuningi kwalo. Niyabo?" Ngakho kuhle. Noma yimuphi umuntu o—o—ofundisa uKristu noma ngayiphi indlela, kuhle, kodwa kukhona okunye okuningi kwaKho okuza kithi kulobubusuku. Ngakho-ke masingabaniki abantwana i—iphunga, futhi silihlikihle ezindebeni zabo, noma sipende umlilo, futhi sithi, "Yilokho okwaqhakaza ngelinye ilanga." Ungeke wafudumala ngomlilo opendiwe, kuthatha umlilo wangempela ukukufudumeza.

95 Abakwenza ngesikhathi sabaphostoli kufanele kwenziwe namhlanje, uma izinhliziyo zabantwana zifudunyezwa nguBukhona bukaKristu, yiqiniso.

96 Asibize abantu abambalwa benyukele emsamo. Ngiyakholwa . . . Nithe niwakhiphile amakhadi na? Abemangaki na? Ikhulu? Kulungile. Indodana yami ikhiphe amakhadi omkhuleko ayikhulu. Bawehlisela ebandleni nabantu, bese bewaxubanisa ndawonye phambi kwakho bese bephuma futhi bewanikezela komunye kuya komunye.

97 Kulungile. Asiqale, sithi kusukela . . . Singaqala nomaphi, akunandaba, ukuze nje sithole umuntu othize phezulu lapha, abathathu noma abane noma abahlanu, ukuthola nje ukukhuleka, ukuze—u—ngabantu bebona, khona-ke kuxosha umoya wobubi lapho beqala ukukholwa.

98 Asibize elokuqala. Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Kuphi? Ungeza khona lapha, nenekazi na?

99 Elesibili, uma ungasukuma, uma ungakwazi manje, abangenisi bazokuthwala bakukhuphulele emsamo uma ungakwazi ukusukuma lapho inombolo yakho ibizwa. Elesibili,

ungasiphakamisa isandla sakho, lapho—noma ngabe ukuphi? Elesibili? Mhlawumbe ba. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

100 . . .usuku, futhi sibheke ukufika kweNkosi yethu. Impela sinjalo. Manje, anicabangi ukuthi ukuvala, ukuthi isimiselo sesikhathi sabeZizwe sasingenakuvala. . .? Senake naqaphela na? Ngashumayela lapha, esikhathini esithize esedlule, ngendaba ethi *UMgamanxo*, futhi ngangisho, kuyo yonke imigamanxo ibandla liyabanda futhi linesitashi iminyaka eminingi, bese kuthi-ke e—emgamanxweni wesikhathi, uNkulunkulu uthumela iNgelosi, umprofethi, ukubonakaliswa, umoya, iziphiwo, izimangaliso, izimanga. Bangaki abakwaziyo lokho, nina bafundi beBhayibheli na? Ake sibone isandla sakho.

101 Bukani imbubhiso yezwe lasemandulo ngaphambi kukazamcolo: Ngaphambi kokuba ukuphela kufike, kwakukhona abaprofethi, u-Enoke, kwakukhona izibonakaliso nezimanga, iziNgelosi zabonakala, izinto ezinkulu zenzekile.

102 Bukani ukuphuma kwabantwana bakwa-Israyeli bephuma eGibhithe, bukani ukuthi kwenzekeni: Kuyabanda nokunganaki nesigejane sesayense yezenkolo ebandayo, futhi khona manjalo kwabonakala iNgelosi, umprofethi wafika, izibonakaliso nezimanga zafika, khona-ke kwaphola futhi.

103 Khona-ke ukufika kweNkosi uJesu: Nakho kufika iNgelosi, uGabriyeli, wakhuluma kubaba kaJohane, umama, futhi nakho kwafika umprofethi, kumprofethi kwafika uKristu, kuKristu kwafika izibonakaliso nezimanga nezimangaliso.

104 Sisekupheleni futhi, sekube yisikhathi eside sokubanda, isayense yezenkolo yebandla, nokunganaki, sisesikhathini somgamanxo, nje, asinakho okungenziwa esikhundleni sakho nhlobo, alikho elinye ithemba, ngaphandle kokufika kweNkosi uJesu.

105 Ngicabanga ukuthi sinomongameli okahle, uMongameli Dwight Eisenhower, ngicabanga ukuthi uyindoda emangalisayo, kodwa ukubeka oyedwa kuzo zonke izifundazwe e-United States, bekungeke kusize ngalutho nakancu, kuzothatha ukufika kweNkosi uJesu ukukwenza. Isono sifanele sahlulelwe.

106 Futhi ngikusho lokhu ngenhlonipho, nange. . .njengo—ngomfundisi ongumKristu, uma uNkulunkulu ededela lesisizukulwane sizedlulele ngaphandle kokubanika ukwahlulelwa, Ubeyokwenza, njengoNkulunkulu olungileyo, abophezeleke ukuvusa iSodoma neGomora futhi axolise kubo ngokubacwilisa. Kunjalo. Angebe yinto *eyodwa* esizukulwaneni esisodwa, ne*nye* kwesinye. Ngokuba zona impela izono esinecala lazo, iSodoma neGomora lashiswa ngenxa yaso impela lesosono esifanayo, futhi lapha sinecala nje, nabaningi namhlanje, ngakho akusekho lutho olusele.

107 Bengibuka kulobubusuku ekamelweni lasehhotela, lena emikhulu, imibhoshongo ecijile ephakeme yedolobha elikhulu,

ngacabanga, "O Nkulunkulu, ngolunye lwalezizinsuku, akuyikuba yilutho kodwa inqwaba yothuli lulele lapha, nemiphefumulo yalaba abahamba esitaladini manje, izoba ndawondawo. Ngisize, O Nkulunkulu, ukuba ngenze okuthize ngiselapha ukuba ngibakhombe kuMsindisi."

108 Ngabe bonke bangene emgqeni ezansi lapho, wonke umuntu uyeza na? Bonke ngaphandle kwabaningi na? Elesine lishoda na? Elesine. Owesine yilowo owehlulekile ukuza. Uma noma ubani azi phakathi lapha, kukhona owesifazane, owesilisa, umfana noma intombazane, noma ngabe ubani, ongathola elesine, bafake emgqeni, kuzolunga.

109 Kulungile, asizame lokho manje, sisenalaba abami lapha. Manje, ngi. . .Bangaki phakathi lapha abayizihambi ngokuphelele kimi na? Ake sibone izandla zenu. Futhi manje, nonke phandle lapho ningenawo amakhadi omkhuleko. . . Bangaki ongenalo ikhadi lomkhuleko, kepha nokho ufuna uKristu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho. Awu, cishe nje. . .Akufanele ukuthi kukhishwe amakhadi amaningi kakhulu, mhlawumbe yilokho okubeyikho, iqembu elifanayo baphakamise izandla zabo ngaphambili.

110 Manje, uma ungenalo ikhadi lomkhuleko, ngakho-ke, ngeke ube semgqeni, manje, ngokwazi kwethu, kodwa bheka nje eNkosini uJesu bese uthi, "Nkosi, lomfundisi ungitshelile kulobubusuku, ukuthi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bami, O Nkosi Nkulunkulu, manje ngiyaKuthinta ngesihawu." Ubone ukuthi Uthini, ubone ukuthi Wenzani, ubone uma Enza ngendlela efanayo Enza ngayo ngenkathi Elapha emhlabeni. Awudingi ukuba phezulu lapha, laba ngabantu nje abeza ukuqalisa umhlangano, leso akusiso isiqiniseko sokuthi bazophulukiswa. Niyabo? Ngukukholwa kwakho okukuphulukisayo.

111 Manje, ngithemba ukuthi inenekazi eliphambi kwami liyisihambi. Siyizihambi komunye nomunye, siyizo nenekazi na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uke wangibona ngaphambilini na? Ngiqonde ukuthi angikwazi. ["Qhabo."] Qhabo. Benginomhlangano, ngiyethemba, ngenkathi ngilapha ngaphambili noma enye into ethize wena. . . ["Angikaze ngibe semgqeni wokuphulukiswa."] Awukaze ube semgqeni wokuphulukiswa na? ["Ngangisemhlanganweni."] Ubuhlezi phandle nje ezethamelini kanjalo na? Kulungile. Manje, kusobala, bengingeke neze ngazi, ngaphandle uma omunye ebuya—ebuya eze bese ethi, "Ngangisemhlanganweni okokuqala, ngangihlezi kuvulandi osesitezi, ngangihlezi. . ." Angisoze ngazi ukuthi kwakungubani, kusobala qha.

112 Angilazi inenekazi, angikaze ngilibone empilweni yami; lingibonile lisezethamelini. Manje, uma inenekazi ligula, angazi, kodwa uma inenekazi ligula, futhi bengingaliphulukisa, futhi

bengingekwenze, bengi—ngifanele ngithathe leliBhayibheli futhi ngiLethule kwabanye babazalwane bami abakhonzisayo, futhi ngiphume eNew York. Kunjalo. Uma bengingalisiza futhi ngingakwenzi, bengiyoba ngumuntu omubi kabi. Kodwa, niyabo. . .

"Awu," wena uthi, "Mfowethu Branham, uma uzobeka izandla zakho phezu kwalo futhi ulikhulekele!"

113 Lokho kungahle kube kahle, futhi, kodwa buka, uma uye ehhovisi likadokotela, futhi wathi, "Dokotela, ngihlushwa ukuphathwa yikhanda okwesabekayo," futhi ukunika isidambisi zinhlungu futhi wakuthumela ekhaya, uzama kuphela ukukususa. Kunjalo. Udokotela wangempela uzoluxilonga lolodaba, aze athole imbangela. Futhi kusukela lapho. . .Ufanele wazi imbangela ngaphambi kokuba uthole ikhambi, awazi ukuthi yini oyinyangayo.

114 Kukanjalo eMbusweni kaNkulunkulu, ngaphambi kokuba ukhuleke umkhuleko wokukholwa, ufanele usazi isizathu sokuthi kungani. Lona kungahle kube ngumphikinkolo, kungahle kube u—kungahle kube ngowesifazane onegama elibi—elibi. Angimazi, angahle abe ngongcwele, angazi ukuthi ungubani. Futhi ngingawukhuleka kanjani umkhuleko wokukholwa ngize ngazi ukuthi ngenzani na? Ngeke ngimbuze, ngizobuza uBaba, Makangitshele, khona-ke uBaba, Angitshela khona, ngiyazi kuzoba yiqiniso.

115 Manje, uma ngingamazi, futhi uma iNkosi uJesu izokwembula njengoba nje Yenza kowesifazane emthonjeni, futhi imtshele okuthile akwenzile, noma angakwenzanga, noma okuthize okungalungile ngaye, njengoba kwakunjalo ngowesifazane emthonjeni, futhi makube khona lapha, hhayi e. . .khona lapha ukuze nikubone futhi nikwazi, bangaki phakathi lapha abazokholwa ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo futhi uphila eBandleni laKhe namhlanje na?. . .?. . .Izinhliziyo zenu mazibusiswe. Kungahle kube yidolobha elikhulu, kodwa lokho kungokumele okuhle kakhulu kwamakholwa kaKristu.

116 Niyazi, uNkulunkulu ngeke asindise yonke iNew York, siyakwazi lokho, qhabo, Uzosindisa labo ngokwaziphambili Ayebazi, futhi ubakhethele ekuPhileni okuPhakade, onke amehlo abo azovalwa. Wona kanye uzamcolo owasindisa uNowa, waminzisa izwe elingakholwa; lona impela iVangeli eliletha ukuphulukiswa nensindiso kulabo abakhethelwe kokunjalo, liphuphuthekisa amehlo abaholi, nabafundisi, namalunga ebandla emhlabeni jikelele. Njalo kuyafana, uNkulunkulu angeguquke, Uhlala efana.

117 Manje, uma ngithe bengingamphulukisa owesifazane, bengiyobe ngikhuluma into eyiphutha. Angisho ukuthi uNkulunkulu uzongembulela, ngethemba ukuthi Uzokwenza,

anginakho ukulawula lokhu, angikulawuli, kuyangilawula. Angazi noma Uzokwenza noma angeke, angikwazi ukukutshela, kodwa uma Ekwenza, sonke sizobonga, sonke sizokholwa.

118 Futhi manje, Baba, lokhu, ukushumayela mina, njengoba ngingesuye umshumayeli, Nkosi, anginamfundo yokukhuluma, futhi ngithe ukwephuka esiNgisini sami, nokukhulunywa nokubhalwa kolimi kwami, kul'khuni ukwenza abantu bangiqonde, kodwa O Nkosi, Wena ungenza okuthize ukwenza abantu baqonde ukuthi umlayezo osikiwe useyiqiniso. Kumemezele ukuthi kunjalo, Nkosi, ngokubonakalisa iNdodana yaKho, iNkosi uJesu, emandleni okuvuka kwaKhe. Futhi siphe kulobubusuku, ukuthi ukuPhila koMvini kuzongena emagatsheni lapha futhi kuzoqhakaza kongakholwayo, ukuze babone futhi bazi ukuthi uKristu usaphila eBandleni laKhe; kungumusa kaNkulunkulu Awenzayo. Siphe khona, Nkosi.

119 Sizinikela kuWe manje okwemizuzu embalwa elandelayo, ngeZwi elilodwa elivela kuWe lizosho okungaphezu kwalokho bonke abashumayeli ezweni abebengakusho. Silindele iZwi elivela kuWe. Siphe khona, Nkosi, kithi. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

120 Manje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba nje. Futhi njengoba nina bantu ningena emgqeni, hloniphani ngokuzithoba nje. Nonke emgqeni, ngabe niyizihambi na? Noma, angazi ukuthi niyini, noma ningobani, noma yimuphi . . . Phakamisani izandla zenu uma ninjalo, nina enimi emgqeni, phakamisani izandla zenu, phansi naphezulu e . . . Yilokho-ke. Ukuze nje nizokwazi.

121 Nanku umdlalo wasesiteji, akusiwo umbukiso nhlobo. UNkulunkulu akadingi ukwenza lokhu, kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Wayengadingekile ukuba aphulukise ngenkathi uJesu efika, kodwa Wethembisa ukuthi Uyokwenza ukuze kugcwaliseke.

122 Manje, nangu owesilisa nowesifazane bebonana okokuqala empilweni njengoba kwakunjalo kuJohane oNgcwele 4. Angimazi, akangazi, simi lapha nje. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela okuthize njengoba ngishilo kuwe, wethembisile, futhi zinjalo nezethameli, ukukholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo, futhi unguye izolo, namuhla, naphakade.

123 Uma izethameli zisezwa ngephimbo lami, ngibonga kakhulu eNkosini, isithombe onaso seNgelosi yeNkosi, lokho kuKhanya kumi khona lapha phakathi kwami nowesifazane.

124 Inenekazi belisendaweni ethile ekuhlolweni kukadokotela, nokuhlolwa, udokotela weluleke ukuhlinzwa, lokho yisimila futhi isimila sisesiswini, yisimila esikhulukazi. Futhi lilungele ukuhlinzwa ukuba kwenzeke ngalenyanga ezayo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa na? Ngabe lezozinto, manje, ziyiqiniso, nenekazi na? Uma zinjalo, vayizelisa isandla sakho ezethamelini.

125 Manje, wena uthi, "Lokho bekungaba ukuqagela."

126 Awu, ake sikhulume naye siqhubeke kancane nje. Mhlawumbe manje, ukuthi uMoya oNgcwele ugcoba-. . .

127 Bangaki abasibonile isithombe seNgelosi yeNkosi, lesosithombe esilenga ngaleya eWashington, DC na? Banakho lapha encwadini, kanti futhi. . . Yilokho okwenzekayo njengamanje. Niyabo, YiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli; hhayi mina, kungengaphezu kokuba kwakunguMose. Futhi ngenkathi Esemhlabeni, Wathi. . . Wabonakaliswa, leNsika yoMlilo efanayo, ngoba Wathi, "Ngi. . . Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Ngabe kunjalo na? Lowo kwakunguYe owakhuluma noMose esihlahleni esivuthayo. Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? Awu, uma Abuyela lapho Ayekhona ngaphambi kokuba Afike enyameni, Wabuyela eNsikeni yoMlilo. Ngabe kunjalo na?

128 Ngenkathi uPawulu ehlangana naYe endleleni eya eDamaseku, Wayeyini na? Wabuyela eNsikeni yoMlilo, ukuKhanya okwakhipha amehlo kaPawulu eBukhoneni baKhe, akubukayo. NguYe.

129 UJesu wathi, "Njengalokhu uBaba eNgithumile, naMi ngiyanithuma." UBaba owaMthuma, wahamba naYe futhi wayekuYe; uKristu othuma umfundi waKhe uhamba naye futhi ukuye, hhayi abafundi, kodwa uKristu, "Hhayi mina, kodwa uBaba waMi ohlala kiMi." Washo.

130 Ake sibone manje, noma ngabe bekuyini, angazi ukuthi kushiwoni ngoba ngu—ngumbono. Abafana abaqophayo lapha banakho, okushiwo. Kuhlole, ubone ukuthi kuyiqiniso yini. Manje, noma ngabe bekuyini bekuyiqiniso. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Manje, uma nje nizohlonipha ngokuzithoba umzuzwana, ake sibone uma Ezositshela okuthize, ngakho bekuyosusa ukwesaba kubantu, niyabo, noma imicabango.

131 Yebo, ngibona udokotela ebuka owesifazane. Kunjalo. Ngibona indoda iqhamuka. Yindoda lona wesifazane anayo enhliziyweni yakhe ukuba ayikhulekele, futhi kade ekhulekela lendoda. Nalendoda ihlushwa yinto ekhubazayo, yi—yisifo samathambo, indoda inesifo samathambo. Kunjalo. Naleyondoda, njengoba imi manje ngombono eBukhoneni, inomthwalo enhliziyweni yayo, futhi lokho kungokwensindiso yendodakazi yayo. Kunjalo impela, ISHO KANJE INKOSI. Yiqiniso lelo.

132 Uyakholwa na? Njengoba ukholiwe, kuzoba njalo kuwe. UNkulunkulu akubusise. Hamba nokuthula kukaNkulunkulu kuphumule kuwe.

133 Ngabe izethameli ziyakholwa na? Yiba nokukholwa manje kuNkulunkulu. Hloniphani ngokuzithoba ngempela nje imizuzwana embalwa.

134 Sawubona? Ngicabanga ukuthi ukuhlangana kwethu kokuqala, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Wazi konke ngathi.

135 Manje hloniphani ngokuzithoba nje ngakho konke eningakwenza, mngani. Kukhona okwenzekile ezethamelini. Angizange. . .Niyabo, lapho unyakaza, ngamunye wenu nje, ngamunye wenu uyisidalwa:

136 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, leyo yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo."

137 Uma kunjalo, uJesu wayisebenzisa ngenkathi Ebakhipha bonke endlini ngenkathi Evusa indodakazi kaJayiru, ngenkathi Ekhipha amadoda ngaphandle kwesixuku. Qhabo, ungumoya ngokufanayo njengofayo. Hloniphani ngokuzithoba ngempela manje.

138 Ngibona ukuhlinzwa, omunye onokuhlinzwa. Liphi inenekazi eliphulukisiwe emizuzwaneni embalwa nje edlule na? Ngabe beku. . .? Ngabe lisezethamelini na? Liyephi na? Ngabe kukhona into ethize eyenzekile ngalo na? O, i—i. . . O, nanti inenekazi lapho. Qhabo, akusilo, qhabo. INkosi uNkulunkulu izokwembula. Asisoze sehlulwa, akunandaba ukuthi kwenzekani, asisoze sehlulwa.

139 Nanti inenekazi lihlezi khona ngapha, libe nokuhlinzwa, lihlezi lapho ekugcineni kohlu, libe nokuhlinzwa, nokugula kulokhu kuphuma ekuhlinzweni. Bekunguwe lowo, bekungesikho na? Kulungile. Hamba ngendlela yakho, kuzoma manje. Uzosinda, ukukholwa kwakho kukusindisile. . .?. . .

140 Mthande nje manje ngayo yonke inhliziyo yakho, ngoba Umnene futhi uthobekile, noMoya oNgcwele unamahloni kakhulu, Mthande nje futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho manje, ungemukela noma yini oyicelayo, lokho okukholwayo, futhi ungakwemukela.

141 Inenekazi limi phambi kwami, kusobala, ngingakwazi, njengoba ngeminyaka ehlukene futhi sizalwe cishe ngamamayela ngokwehlukana neminyaka ngokwehlukana, okokuqala sibonana, ngiyacabanga. Anginalwazi ukuthi ungubani noma ukuthi uyini, kodwa uma uNkulunkulu ezokwembula kimi manje, ngokuthi Usevele uzishayile izethameli, abantu banokukholwa manje, kuhamba. Angazi ukuthi sizofika kude kangakanani emgqeni.

142 Kodwa uma uNkulunkulu ezoshaya, noma anyakaze futhi ezokwembula kimi into ethize oyizele lapha, noma into ethize oyenzile, noma ngandlela thize, njengoba nje kade ngishumayela ngakho, ubuyokholwa ukuthi Uzokunika lokho okucelayo na? Ubuyokukholwa na?

143 Inkathazo yamanenekazi isemhlane walo nasemgogodleni walo, lineqolo elesabekayo nesimo somgogodla. Lawa

lalimala, lokho sekube yizinyanga ezimbili noma ezintathu ezedlule wenza lokhu. Futhi ulapha ukuba mina ngicele uNkulunkulu ukuba akuphulukise. Awusuye owakulelidolobha, ungowakwelinye idolobha elithiwa iBrooklyn. Manje buyela emuva, ngokuba uzosinda, uJesu Kristu uzokusindisa. Into iqalekisiwe, ayisekho, uzosinda. UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

"Uma ukholwa, manje, konke kuyenzeka."

144 Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela ukuthi yini oyizele lapha, yini engalungile ngawe, noma into ethize ngaleyondlela, uzokholwa eNkosini uJesu na? Into yakho enkulu lapha, ingeyomunye umuntu. Usuvele ukwamukele ukuphulukiswa kwakho isikhathi esithile, okwendawo ehambayo. Kodwa ulapha ngomunye umuntu, umngane wakho ononhlangothi. Kunjalo. Hamba ukukholwe, futhi bazophuma kukho, kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Kulungile. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

145 Usukholiwe eNkosini uJesu manje na? Yiba nokukholwa nje manje, ungangabazi.

146 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyacabanga, dadewethu othandekayo.

"Uma ukholwa!"

147 Inenekazi elihlezi lapha, khona lapha, khona phansi phambi kwami lapho lingibuka, liphethwe ngumdlavuza. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokuphulukisa futhi ikusindise kulomdlavuza na? Uyakholwa ukuthi Izokwenza na? Ungaba nakho okushilo khona-ke. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Bekukhona ithunzi elimnyama phezu kwakho, selidlulile manje. Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu.

148 Inenekazi elincane elihlezi emuva lapho ligqoke encane, ijakhethi emhlophe yento, awukwazi ukulala ebusuku. Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokulalisa kusukela manje kuqhubeke na? Ukuze wazi ukuthi bengingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe: lowo ngumyeni wakho ohlezi ngakuwe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angamphulukisa na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakhe, uzokukholwa na? Khona-ke isifo samathambo sizosuka kuwe, mnumzane. Ungaya ekhaya manje, futhi uphile, futhi nibe ngumndeni ojabule.

149 Bathinteni na? Abakaze bangithinte, baqhele ngamayadi angamashumi amabili kimi. Angibazi. Uma ngingakwazi mnumzane, vayizelisa isandla sakho *kanje*, ukuthi—ukuthi angikwazi; angikwazi. Angikaze ngibabone empilweni yami, kodwa bathinte Into ethize. Bathinte umPristi oMkhulu ongaba, zwa. . .khona-ke Uyaphenduka futhi wenza njengoba nje Enzile izolo, Uyakwenza namhlanje, futhi uzoba njalo kuze kube phakade. Mkholwe nje, ungaMngabazi, Mkholwe ngayo

yonke inhliziyo yakho, futhi uNkulunkulu uzokwazisa khona, isifiso sakho.

150 Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Manje, isizathu ngisho lokho, njengoba uPetru noJohane bedlula esangweni elithiwa eLihle, bathi, "Sibheke." Niyabo, kwakungukubamba ukunaka kwabo. UJesu wathi kowesifazane emthonjeni, "Ngiphuzise." Kuyinto nje ukuyisho kumuntu ukubamba ukunaka kwabo, ngoba uyisidalwa esingumuntu, futhi unomphefumulo uKristu awufelayo.

151 Uma uKristu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, noma okuthize ngawe owaziyo ukuthi angikwazi, noma wenze njengoba Enza ezinsukwini ezedlulayo, uzoMemukela njengoMphulukisi wakho na? Uzokwenza. Kwangathi iNkosi ingakupha khona. Bekezelani nje ngempela, qhubekani nje nikholwa. Niyabo, niyathinta. Ngifisa sengathi bengingakuchaza, ayikho indlela yokukwenza, ungeke wamchaza uNkulunkulu, ufanele umkholwe uNkulunkulu. Niyabo?

152 Ngiyakubona umi ngasesitebhisini, noma okuthize, o, ulimale esitebhisini esikhathini esedlule, futhi kwaqhumisa isisu nomgudu wamathumbu. Ngiyakubona uya esibhedlela kabili, ube nokuhlinzwa okuphindwe kabili, futhi akukusizanga ngalutho; uyakholwa ukuthi kuzoba manje nokho.

153 Uyazi ukuthi okuthize . . . Uyazi ukuma ebukhoneni bendoda efana nami bekungeke kukwenze uzizwe ngaleyondlela, leyoNgelosi yeNkosi ikuzungezile, nenekazi. Ukuze wazi ukuthi ngiyinceku yaYo: Nkk. Eckerd, ungowaseDolobheni laseJersey. Buyela ekhaya, ngoba uzosinda. Amen. Hamba uye ekhaya, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. UNkulunkulu akubusise, dadewethu othandekayo.

154 Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu, ungangabazi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungakwemukela okucelayo. Bangaki phandle lapho okukholwayo lokho na? Unganyakazi, ngiyacela, hlala uthule nje ngempela, hlonipha ngokuzithoba ngempela.

155 Manje siseBukhoneni bukaJehova, hhayi umfowenu. Anginayo ngisho nemfundo yasesikoleni yokukhulunywa nokubhalwa kolimi, angiyazi into yokuqala ye—ye . . . Ngingahle ngisho lokhu: angiyazi iNcwadi kahle kakhulu, kodwa ngiyamazi uMqambi waYo. Ngi—ngi, lokho yi . . . Futhi ningahle ningavumelani nami ezifundisweni zami, kodwa uma uNkulunkulu ekuqinisa, futhi ngikufunda eBhayibhelini, lokho kukwenza kube njalo, ngokuba uNkulunkulu ufakaza ngeqiniso.

"Uma ukholwa, konke kungenzeka."

156 Inenekazi elincane lapho liphakamise isandla salo phezu komlomo walo, futhi liphethwe yilezozinhlungu zekhanda, ohlezi emuva ngqo emva kukaMama Brown lapho, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa na? Ubukhuleka ngakho, ubungenjalo na? Ukuze wazi: Inenekazi elihlezi ekugcineni ngqo ukusuka kuwe lapho, linenkathazo ezingalweni zalo, liphethwe yinkathazo yengalo. Kunjalo, akunjalo, nenekazi na? Konke sekuhambile manje. E-hhe. Ungakubona lokho. Niyabo? Izinhlungu zakho zekhanda seziphelile, futhi. Lokho yi . . . Phakamisa izandla zakho uma lokho kunjalo. Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona. Sekuphelile.

157 Uthinteni na? Uthinte umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka. Kunjalo impela. Ungesabi, ungaxhuxhumi, yiba nokukholwa nje, ungangabazi, kholwa ngakho konke okukuwe. Kukholweni ngakho konke okuphakathi kwenu. Manje yibani nokukholwa. Abantu bayakhuleka.

158 Inenekazi elincane elihlezi lapha libhekise ikhanda lalo phansi, liphethwe yinkathazo yokucinana kwamankanka, uyakholwa ukuthi iNkosi ikuphulukisile, nenekazi na? Inenekazi elincane elihlezi lapho ligqoke encane, ingubo ebukeka iphinki, ubukhuleka, ubungenjalo na? Ubukhuleka lomkhuleko: "Nkosi, makakhulume kimi." Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Uyawazi umkhuleko wakho. Kunjalo.

159 Ucabangeni ngakho, uhlezi eceleni kwalo, ufake isigqoko esimhlophe na? Lokho kukuxhuxhumisile, nawe, akuzange na? Kwenzekile na? Uyakholwa ukuthi Uzosiphulukisa lesosifo samathambo onaso na? Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Impela, awu khona-ke ungaba nakho okucelile. Amen.

160 Inenekazi eceleni kwalo lapho linenkathazo yesinye. Ucabanga ukuthi iNkosi uJesu ingakusindisa, nenekazi na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho uma ukwemukela. Kulungile, ungaba nakho okucelile.

O, Uyamangalisa, Akanjalo na? Kunjalo.

161 Khona emva kwenenekazi kukhona indoda enenkathazo yokucinana kwemithambo yomoya. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa leyonkathazo yokucinana kwemithambo yomoya futhi akusindise na? Uma . . . Uyakholwa na? Inenekazi elincane elinezinwele ezimhlophe, uhlobo olunjalo, uyakholwa ukuthi Uyayiphulukisa leyonkathazo yokucinana kwemithambo yomoya na? Kulungile, ungaba nakho okucelile.

162 Nginiphosela inselelo ukuba niMkholwe manje, noma kuphi! Mkholweni nje.

163 Inenekazi khona emva kwalapho liphakamise amehlo alo, likhuleka, "Nkosi, ngifuna ukususa lesisifo samathambo."

Ngabe kunjalo, nenekazi na? Ngabe yilokho okushilo na? Sekusukile kuwe, e-hhe, kunjalo, e-hhe, uma ungakholwa.

164 Inenekazi elihlezi eduze kwakho, nezandla zalo phezu komlomo walo *kanje*, linesifo sikashukela, futhi lifuna ukususa lokho. Ngabe kunjalo, nenekazi na? Vayizelisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Kulungile. Sekuhambile. Niyabo?

165 "Uma ukholwa!" Uyakholwa na? Yiba nokukholwa nje. Nonke ningaphulukiswa khona manje. Yibani nokukholwa nje manje. Ingabe ninakho . . .?

166 Nanti inenekazi lihlezi lapha. Asi—asikhulume nenenekazi umzuzwana nje.

167 Niyabo bangane, bengingekwazi ukukuphulukisa. Anginalutho engingakuphulukisa ngalo, angisuye udokotela, angazi lutho ngomuthi, ngiyinceku yaKhe nje, ekaKristu. Futhi into kuphela engingayenza . . . Futhi—futhi mayelana nokuphulukisa, nonke senivele niphulukisiwe, ngukukholwa kwenu nje ukukwemukela. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngukukholwa kwakho ukwemukela okunjalo.

168 Nanti inenekazi limi phambi kwami . . . Nenekazi eliyikhaladi, uyakukholwa lokho . . .? Nakhu lapho esikhona, nasi isithombe esihle: indoda emhlophe nowesifazane oyikhaladi. Ngabe u . . .? Lesi yisithombe sendaba engibe nayo kulobubusuku, owesifazane emthonjeni. Siyizihambi komunye nomunye. INkosi uJesu isazi sobabili, Ayisazi na? Iyasazi. Uma iNkosi uJesu izakwembula kimi imfihlo yenhliziyo yakho, noma into ethize oyizele lapha owaziyo ukuthi angiyazi, ubungavuma ukukusabalalisa phakathi kwabantu bakini, nakuyo yonke enye indawo, ukuthi Usalokhu efana na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yilokho ofuna ukukwenza.

169 Manje nasi isithombe sikaJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, uNkulunkulu uyakwazi lokho. Uma ngikwenzile, bengingamazi. O, siyizihambi omunye komunye. Ngabe kunjalo na? Njengohlanga oluhlukile lwabantu, sobabili, ngingum-Anglo-Saxon, akasuye, futhi lapha siyafana nje ncamashi. UJesu wazisa lowo wesifazane, akukho-mehluko ebaleni noma uhlanga lomuntu. Sonke sivela esihlahleni esifanayo, uNkulunkulu ofanayo, noma ngabe simhlophe, simnyama, siphuzi, sinsundu, noma ngabe siyini, singabantu ababodwa abavela kumuntu oyedwa: u-Adamu. Kunjalo impela.

170 Amazwe esiphila kuwo eshintsha ibala lethu, akuhlangene ngalutho nemiphefumulo yethu, sonke siyizidalwa zikaNkulunkulu. UNkulunkulu wasenza ngendlela esiyiyo, ngoba Wayesifuna ngalendlela. Kunjalo impela.

171 Inenekazi nguNkk. Weeks, lelo igama lakho. Uvela edolobheni. Inombolo yendlu yakho ngu 555 Edgecombe Avenue. Unokwethuka kakhulu ngento eyodwa, kodwa unesifiso

esikhulu enhliziyweni yakho, kade ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi yilokho okufunayo ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Ngabe kunjalo na? Hamba futhi ukwemukele manje, uKristu uzokunika khona.

172 Bangaki phakathi lapha okholwayo manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyangikholwa njengenceku yaKhe na?

173 Kuthiwani ngawe nezinduku zokuqhugela na? Ungeke udingeke uphume nazo uma nje uzokukholwa na? Kuthiwani ngezihlalo ezinamasondo, noma ngabe bakuphi na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke ngiyakucela ukuba wenze into eyodwa: ukukholwa ukuthi uBukhona bukaKristu bulapha, futhi yilokho okwenza lezizinto zifezeke. Ukuphulukisa, ukuphulukisa kuyinto eyenziwe selokhu uJesu afa eKalvari.

174 Inenekazi elihlezi lapho belineTB, sekuphelile, dadewethu. Awusadingeki ukuba ukhathazeke ngakho nhlobo. Kunjalo.

175 Futhi wena, ohlezi onqenqemeni lwesihlalo lapho, onenkathazo yendlala yesinye kabi kabi usebuhlungwini, sekuphelile, mnumzane, awusenakho, ungaya ekhaya futhi uphile. UNkulunkulu akubusise.

176 Nginiphosela inselelo ukuba nikholwe uKristu khona manje! Ngiyakholwa—ngiyakholwa uma nizokwenza njengoba nginicela. . . IBhayibheli lisho lokhu manje, uKristu wethembisa lokhu, futhi nansi enye into Ayisho ekuyaleni kwaKhe kokugcina, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela *labo* abakholwayo: Bayakubeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Mangaki amakholwa akhona phakathi lapha na? Phakamisani izandla zenu. Manje bekani izandla zenu phezu komunye oseduze kwakho. Akunandaba ukuthi ufunani, bekani izandla zenu, ndawo zonke, phezu komunye nomunye. Uma uKristu egcina lengxenye yeZwi laKhe, kulula kangakanani kuYe ukugcina leyongxenye yeZwi laKhe na?

177 Manje, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela *labo* abakholwayo: Uma *be*beka izandla *zabo* phezu kwabagulayo. . ." Manje khuleka ngendlela owenza ngayo ebandleni lakho, khulekelanani, ngisanikhulekela lapha, futhi nibone ukuthi iNkosi izokwenzani. Nonke ningaphulukiswa.

178 Nkulunkulu oPhakade, Mqalisi wokuPhila, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, Mbusisi wemiphefumulo yabantu, sinikela kuWe lezizethameli zabantu njengamanje, ukuthi Uzophulukisa wonke umuntu oseBukhoneni bobuNkulunkulu. Siphe, Nkulunkulu uSomandla, ukuthi ukuphulukiswa kwabo manje kuzokwenzeka, njengoba uSathane edaluliwe, umbuso wakhe wobumnyama ulethwe ekuKhanyeni, futhi wenziwa wabonakaliswa ngoJesu Kristu ovukileyo. O Nkosi Nkulunkulu,

manje siphosela inselelo udeveli phezu kokukhohlisa kwakhe, sibiza isandla sakhe.

179 Sathane, ubambe lababantu inqobo nje uma ungakwazi, babeke izandla zabo phezu komunye nomunye njengamakholwa, lelo yiZwi likaNkulunkulu ophilayo. Ngiyakuyala, Sathane, ngomyalo weNgelosi kaNkulunkulu, ngeBhayibheli, ngoMoya oNgcwele, ukuthi uphume kuwo wonke umuntu ophakathi lapha futhi ubadedele bahambe bakhululeke esonweni, ekuguleni, emaketangweni, ezifweni, ezinhluphekweni! EGameni likaJesu, phuma kubantu! Amen.

180 Ngikholwa ukuthi nonke phakathi lapha uphulukisiwe ngamandla kaNkulunkulu uSomandla, Okhona manje. Uma ukholwa, noma, uzisho ukuthi uyakholwa ukuthi uyisoni, yima ngezinyawo zakho, futhi wemukele uKristu njengoMsindisi wakho. Kuyamangalisa! Uma ugula, yima ngezinyawo zakho futhi uMemukele njengoMphulukisi wakho.

181 Abanye abayikhulu noma ngaphezulu bamele insindiso; amakhulu amele ukuphulukiswa, niphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Manje thokozani eNkosini futhi nivumele wonke umuntu asindiswe.

